Umama unikeza uShaka amathoyizi amaningi amahle.

UShaka uyawajabulela amathoyizi akhe.

Amfundisa okuningi!





Leli thoyizi lifundisa uShaka izinombolo.

"1, 2, 3, 4, 5, 6," uyabala.

Leli thoyizi lifundisa uShaka i-alfabhethi.

“A, B, C, D, E, F, G,” uyacula.





Leli thoyizi lifundisa uShaka ukushayela.

*“Vum, vum, vum,”* kusho uShaka.

Namuhla umama unikeza uShaka ithoyizi elisha.

“Ngiyabonga, Mama!” kusho uShaka, emoyizela.

“Kazi kunani lapha?” uyazibuza.





UShaka ujikisa isibambo esiseceleni ...

Engazelele, kuvela upopayi!

UShaka umangele!

UShaka nomama bahleka lo popayi.

UShaka uvala isivalo. Upopayi usecashile.

“Asiphinde sisijikise isibambo futhi, Mama!” kusho uShaka.

